

# UkuHlola Okuyisisekelo nesicelo Sokusebenzisa Amanzi maqondana nokulungiswa okuhlongozwayo kwebhuloho leBraamhoekspruit ebangeni elingamakhilomitha amabili ngenzansi kwedamu lokuphehla ugesi Ingula Pumped-Storage Scheme

## INCWADI YOKUNIKEZA ULWAZI Agasti 2008

### INHLOSO YALE NCWADI

Inhloso yale Ncwadi Yokunikeza Ulwazi ngukwazisa labo abathintekayo nabanentshisekelo maqondana nokuHlola Okuyisisekelo okwenziwayo futhi okumayelana nokulungiswa kwebhuloho elingaphakeme elisemfuleni iBraamhoekspruit. Lokhu kulungiswa okuhlongozwayo kuzokwenziwa endaweni ethi ayibe ngamakhilomitha amabili ngenzansi kwedamu okuphehlwa kulo ugesi Ingula Pumped-Storage Scheme.

Kuzofakwa futhi nesicelo selayisense yokusebenzisa amanzi.

Idolobha eliseduze nale ndawo yiVan Reenen futhi indawo okuzosetshenzwa kuyo ingaphansi kukaMasipala wendawo yaseLadysmith/Emnambithi. Le Ncwadi Yokunikeza Ulwazi futhi inika labo abathintekayo nabanentshisekelo ithuba:

- Lokubhalisa njengabantu ababandakanyekayo ohlelweni lokubamba kwemiphakathi iqhaza; kanye
- Lokubeka imibono nokuba negalelo kulo msebenzi ohlongozwayo.

Inhloso yalokhu kuHlola Okuyisisekelo ukubhekisa imiphumela engahle ibe khona, ukubeka izincomo zezinyathelo okudingeka zithathwe ukuze kugwenywe noma kuncishiswe imiphumela engemihle nokuqinisa leyo miphumela emihle. Igunya lezinqumo ezimaqondana nokuHlola Okuyisisekelo liphethwe nguMnyango Wezemvelo Nezokuvakasha, ngokwesigaba 24(5) soMthetho Kazwelonke Wezokuphathwa Kwezemvelo, uMthetho ongunombolo 107 wango-1998.

### Bhalisa engakadluli umhla zi-12 Septemba 2008

Ngalokho-ke uzofakwa ohlwini lwamagama abantu ababandakanyekayo futhi ubuye unikezwe nezinye izincwadi ukuze ubeke imibono yakho, ngenkathi sezikhona lezo zincwadi. Imibono yakho izoqinisekisa ukuthi izinto ezisemqoka zizofakwa ngaphansi kokuHlola Okuyisisekelo. Uma ufuna ukubeka noma yini ekukhathazayo noma ukubeka imibono emaqondana nalokhu kuHlola Okuyisisekelo, ungagcwalisa bese uthumela ipheshana lokubhalisa noma lemibono elifakwe lapha, noma usibhalele incwadi, ushaye ucingo noma uthumele i-e-mail ehhovisi lezokubamba iqhaza komphakathi.

Zonke izincwadi ezihambelana nokuHlola Okuyisisekelo ziyatholakala kuleli kheli le-website: [www.eskom.co.za](http://www.eskom.co.za).

### Ihovisi Lokubamba Kwemiphakathi Iqhaza

Anelle Odendaal / Wilhemina Mosupye  
Zitholele Consulting  
P O Box 6002, Halfway House, 1685  
Ucingo: (011) 254-4855 / 4905  
Ifeksi: (011) 805 2100  
E-mail: [aodendaal@zitholele.co.za](mailto:aodendaal@zitholele.co.za)  
[wmosupye@zitholele.co.za](mailto:wmosupye@zitholele.co.za)

### Imibuzo yezoBuchwepheshe Bomsebenzi

Jacqui Hex, Zitholele Consulting  
P O Box 6002, Halfway House, 1685  
Ucingo: (011) 254-4982  
Ifeksi: (011) 805-2100  
E-mail: [jacquih@zitholele.co.za](mailto:jacquih@zitholele.co.za)

### ISENDLALELO

Abakwa-Eskom basemkhankasweni wokwakha idamu lokuphehla ugesi Ingula Pumped-Storage Scheme ngaphandle nje kancane kwase-Van Reenen, eFreyisitata. Lokhu kuhloswe ngakho ukuthi kuphehlwe ugesi wokwengezelela kugesi kazwelonke. Ingula izoba namadamu (reservoirs) amabili – elingenhla nelingenzansi; imishini yokuphehla ugesi ezoba ngaphansi komhlaba; imigudu yamanzi ezoxhumanisa amadamu nemishini yokuphehla ugesi; imigwaqo; izintambo ezithwala ugesi kanye nokunye. Idamu elingenzansi lizoba semfuleni iBraamhoekspruit, okungomunye wemifula eyakha iKlip River. Lolu hlelo lokuphehla ugesi lwaGunyazwa Ngokwezimisele Ezibhekela Ezemvelo ngonyaka ka-2004, kwathi imigwaqo yagunyazwa ngo-Ephreli 2006. Ukuthola igunya lokwakha imigwaqo kwakungumbandela walolu hlelo owawufakiwe kwiZimisele Zokugunyazwa Ezibhekela Ezemvelo.

Ebangeni elithi alibe amakhilomitha amabili uma wehlisa umfula, mangenzansana kwedamu elisenzansi, kunebhuloho elingaphakeme elisemgwaqweni wobhuqu (D474) onqamula phezu komfula iBraamhoekspruit. Lo mgwaqo wobhuqu usetshenziswa yimiphakathi yasendaweni kanti kunabanye futhi abawusebenzisa. Amanzi agijima ngaphezu kwaleli bhuloho uma kunezimvula ezinkulu ngenxa yokuthi lakhiwa langaphakama.

Yize-ke ubuningi bamanzi angamathantala ngenzansi kwedamu elisenzansi buzoncipha uma selakhiwe idamu laseNgula lokuphehla ugesi, lokhu kuncipha kungathatha isikhashana eside kunokujwayelekile ngenxa yokubambeka kwamanzi azobe engena edamini kanye nohlelo lokuwadedela lawo manzi. Lokhu kungadala ukuthi ukuchichima kwamanzi ngaphezu kwebhuloho elingaphakeme kuthathe isikhathi eside kunalokho obekuhlale kwenzeka lingakabi khona idamu elingenzansi. Ukuze kuhlantshezwane nalesi simo senkathi ende ibhulohwe ligcwele lichichima, abakwa-Eskom bahlose ukulakha kabusha leli bhulohwe libe likhudlwana ukuze likwazi ukumelana namanzi amaningi futhi ukuze lawo manzi angagcwalisi emgwaqweni wobhuqu. Lokhu kuzoqinisekisa ukuthi kuzoba lula ukuwela iBraamhoekspruit ngalo mgwaqo wobhuqu ngenkathi amanzi ededelwe edamini, ngokohlelo lokuwadedela olujwayelekile.

Umhlaba oseduze naleli bhulohwe elingaphakeme uyipulazi elisetshenziswa njengedlelo lemfuno. Amanzi eBraamhoekspruit asetshenziswa ngabalimi abasafufusa nabaziphilisayo ekuphuziseni imfuno nokuwaphuza bona uqobo nakwezinye izidingo zekhaya. Kukhona umuzi ongemkhulu osebangeni elingaphakathi kwamamitha ayi-100 kule ndawo okuzokwenziwa kuyo lo msebenzi.

Ukuze abakwa-Eskom baqale ukulungisa leli bhulohwe elingaphakeme, kudingeka bathole Ukugunyazwa Ngokwezimisele Zezemvelo. Ukuze kutholakale lokho Ukugunyazwa Ngokwezimisele Ezibhekela Ezemvelo, maqondana nalo msebenzi, kuzokwenziwa ukuHlola Okuyisisekelo ngokulandela iMigomo Yokuhlola Ngokubhekela Izimisele Zezemvelo ngaphansi kwesigaba 24(5) soMthetho Kazwelonke Wezokuphathwa Kwezemvelo (uMthetho 107 wango-1998) njengalokho ushicilelwe kwi-GN R385, 386 no-387. Ingxenywe esemqoka kakhulu yalokhu kuHlola Okuyisisekelo ngokubamba kwemiphakathi iqhaza kule nqubo enika labo Abathintekayo Nabanentshisekelo ithuba lokubeka imibono yabo ngalo msebenzi ohlongozwayo. Futhi-ke, ukuze abakwa-Eskom baqale ukulungisa leli bhuloho laseBraamhoekspruit, uMnyango Wezamanzi Nezamahlathi udinga ukuthi bona abakwa-Eskom bafake isicelo seLayisense Yokusebenzisa Amanzi ngokuhambelana noMthetho Kazwelonke Wezamanzi (uMthetho ongunombolo 36 wango-1998).

### Indawo

Le ndawo okukhulunywa ngayo ingena ngaphansi kukaMasipala WaseLadysmith/Emnambithi. Lo mhlaba okukhona kuwo leli bhulohwe yiziQephu 3 no-4 zeNgxenywe 3 yePulazi iTrekboer 1002GS (Bheka ibalazwe lendawo ekhasini 4).

### Ukusetshenziswa Kwalo Mhlaba Njengamanje

Le ndawo okuzosetshenzwa kuyo ingaphakathi kwendawo ebekelwe umgwaqo wesifundazwe kanti umhlaba oseduze nayo ngowokufuya nokutshala.

### Ulwazi Maqondana Nendawo Okuqoqeleka Kuyo Amanzi

Le ndawo ingena ngaphansi kwendawo okuqoqeleka kuyo amanzi angena oThukela (Indawo yasoThukela Yezokuphatha Amanzi, Tertiary Drainage Region V12). Indawo okuqoqeleka kuyo amanzi omfula uThukela iba nezimo zezulu ezihlukene, okungaba imvula namakhaza ezintabeni zoKhahlamba futhi okungaba yisimo sezulu esomile nesishisayo oThukela, kusukela eColenso kwehlike njalo kubheke ogwini, kuze kube sendaweni eshisayo futhi enomoya onomswakama futhi ehlale inamanzi, engasogwini.

Le sifunda sithola imvula eningana ehlobo phakathi kukaSeptemba no-Ephreli. Kuvamise ukuthi kube neqhwa ebusika ezintabeni zoKhahlamba futhi liyashesha nokuncibilika. Imvula evamise ukutholakala iba phakathi kwe-1 500 mm ngonyaka endaweni esezintabeni kuya kuma-650 mm ngonyaka, maphakathi nendawo okuqoqeleka kuyo amanzi. Amanzi azigijimela ngaphandle aze angene emifuleni afika ku-600 mm oKhahlamba kanti angaba ngu-50 mm ezindaweni ezomile ezisehlantzeni, kanti-ke alinganiselwa kwizigidi ezi-3 799 m3 amanzi azigezela ngaphandle aze angene esizalweni somfula.

## INCAZELO NGALO MSEBENZI

Ukuze kulungiswe leli bhulohwe elingaphakeme, kulindeleke ukuthi kwakhiwe isakhiwo esithi asibe ngama-15 m x 5 m ukuze umgwaqo uphakame ngokwanele khona amanzi omfula iBraamhoekspruit ezodlula kalula ngaphansi. Lo msebenzi wokwakha ohlongozwayo uzokwenziwa kule ndawo okukhona kuyo umgwaqo njengamanje.

Isinyathelo sokuqala maqondana nalo msebenzi wokwakha kuzoba ngesokuthi umgwaqo okhona njengamanje, ongu-D474, uchezulwe ukuze kuqhubekwe ukwakha futhi nezimoto ziqhubekwe nokuhamba ngenkathi kusetshenzwa. Uma sekuqedliwe ukuchezulwa komgwaqo, isakhiwo sebhulohwe elisha (eliphakeme) sisazoba kuwo lo mgwaqo obuvela usetshenziswa. Ukusebenza ngale ndlela yikhona okulindeleke ukuthi kunciphise ukuthinteka kwemvelo endaweni engaphandle kwebekelwe umgwaqo. Kuhlangozwa ukuthi umgwaqo uchezulwe ebangeni elithi alibe ngamamitha anga-50 enyakatho yomgwaqo okhona njengamanje. Leyo ndawo okuzochezulwa kuyo umgwaqo izobuye ilungiswe ngokugcwele, ibuyiselwe esimweni sayo.

### Ukuchezulwa kwesikhashana komgwaqo nezibuko

Kuhlangozwa ukuthi ukuchezulwa komgwaqo kube sohlangothini olungasenyakatho yomgwaqo okhona njengamanje, ngokulandela indlela okusengathi yayiyizibuko lomfula. Izibuko lomfula lizoqiniswa ngamatshe namapayipi kakhonkolo amakhulu ngokwanele ukuthi angamelana nezimvula ezifika ngonyaka futhi akwazi nokwenza amanzi ageleze kalula. Lo mgwaqo uzokwakhiwa ngohlobo lwamatshe nenhlabathi ekufanele ukwakha umgwaqo. Ukwakhiwa kwawo kanje kulindeleke ukuthi kunciphise ukudungeka kwamanzi eBraamhoekspruit ngenkathi kwakhiwa umgwaqo.

### Ukubhidlizwa kwebhulohwe elikhona njengamanje

Kuzozanywa ngokusemandleni ukuthi ibhulohwe libhidlizwe ngemishini yokubhidliza, hhayi ngeziquhumane ngoba kunabantu abahlala eduze nale ndawo. Udoti ozovela uma sekubhidliziwe uzolahlwa endaweni efanele futhi sekubekwe nemibono yokuthi lowo doti usetshenziswe ekulungiseni leyo ndawo okuchezulwe kuyo umgwaqo kuzo zombili izinhlangothi zomsaho, ukuze kubuyiselwe usebe lo mfula kuleso simo ebesiyilo ngaphambi kokuqalwa kwalo msebenzi.

### Ukubiywa Nokubuyiselwa Kwendawo Esimweni Sayo Esijwayelekile

Kuzobiywa ngendlela ezoqinisekisa ukuphepha kwabantu abazidlulela ngendlela. Le ndawo izobuyiselwa esimweni sayo esijwayelekile ngokuhambelana nokulawula koHlelo Lokuphathwa Kwezemvelo.

### Ukwakhiwa kwebhulohwe

Kuzombiwa zombili izinsika ezisekele ibhulohwe ezinhlangothini zombili zomfula futhi namanzi azoqoqelwa maphakathi nendawo, lokho kube kwenziwa ngezindlela ezifanelekile ukuze angadungeki amanzi. Ukhonkolo uzothelwa uma sesihloliwe isisekelo futhi semukelwa. Ukhonkolo uzoletwa ngamaloli kakhonkolo uqhamuka endaweni oxovwa kuyo esedamini elingenzansi. Ukhonkolo-ke uzothelwa ngokhreyini nebhakede lokuthela ukhonkolo.

### Ukwakhiwa kwesithebe sebhulohwe

Isithebe sebhulohwe sizokwakhiwa ngezinsika zikakhonkolo ezizofika sezilungele ukusetshenziswa nokhonkolo ozothelwa ngaleso sikhathi. Izinsika ze-Precast zizohlolwa futhi zibhekiswe ngaphambi kokuthi zamukelwe. Uma sezakhiwe izinsika zokusekela ibhulohwe, kuzobekwa izinsika ezizofika sezakhiwe, zibe zibekwa ngokhreyini onamasondo. Uma sezifakiwe izinsika ezifika sezakhiwe, kuzothelwa ukhonkolo kwenziwe nakho konke okunye okufanele.

### Amatshe nenhlabathi yokwakha umgwaqo

Amatshe nenhlabathi yokwakha umgwaqo azotholakala emithombeni evumelekile. Amatshe nenhlabathi kuzolungiswa, kubekwe kahle futhi kugqingqwe njengokwemiyalelo. Umgwaqo ngeke ufakwe itiyela kodwa uzohlale ungumgwaqo ongakhonkiwe.



Isithombe 1: Umgwaqo wobhuqu ongunombolo D474 onebhulohwe eliphansi lokuwela umfula iBraamhoekspruit.

## UKUFAKA ISICELO SELAYISENSE YOKUSEBENZISA AMANZI

### Indlela Yokufaka Isicelo Selayisense Yokusebenzisa Amanzi

Ukuze abakwa-Eskom baqhubekwe nemisebenzi yamanzi (ehambelana nebhulohwe), aboMnyango Wezamanzi Namahlathi bafuna ukuthi kufakwe iSicelo Selayisense Yokusebenzisa Amanzi.

NgokoMthetho Kazwelonke Wezamanzi, (uMthetho 36 wango-1998), uHulumeni kaZwelonke, emelwe uNgqongqoshe Wezamanzi Namahlathi, nguye obhekele imiphakathi yaseNingizimu Afrika maqondana nezamanzi futhi kudingeka aqinisekise ukuthi amanzi ayavikelwa; asetshenziswe, athuthukiswe, ongiwe futhi aphaathwe ngendlela elinganisayo neqhubekayo, ezosiza bonke abantu. Kungumsebenzi kaNgqongqoshe ukuqinisekisa ukuthi amanzi abiwa ngokulinganayo futhi asetshenziswe ngendlela ezosiza imiphakathi yonke, kube kukhuthazwa ukunakekelwa kwezemvelo ngendlela efanele. UHulumeni, emelwe nguNgqongqoshe, unamandla okulawula ukusetshenziswa kwamanzi, imigudu yawo nokuphathwa kwawo wonke amanzi aseNingizimu Afrika.

Indlela abazosebenza ngayo abahleli balo msebenzi izoqinisekisa ukugunyazwa ngendlela ezobhekela izidingo zoMnyango Wezamanzi Namahlathi, ngokuhambelana

neLayisense Yokusebenzisa Amanzi. Le ngxenye yomsebenzi izokwenziwa ngezigaba ezintathu.

Isigaba sokuqala sizogxila ekuhloleni ukuthi asetshenziselwa ziphi izinto amanzi njengamanje futhi kuzobhekwa nokuthi yimiphi imithetho elawula ukusetshenziswa kwamanzi njengamanje. Uma kukhona ukusetshenziswa kwamanzi okungabhalisiwe noma okubhalisiwe ngendlela engafanele, lokho kuzokwethulwa phambi kwabakwa-Eskom.

Isigaba sesibili sizogxila ekuchibiyeleni noma nasekubhaliseleni ukusetshenziswa kwamanzi obekungabhalisiwe noma obekubhalisiwe ngendlela engeyiyo.

Kuzobhalwa uMbiko Wobuchwepheshe Osenokuchibiyelwa ozonikezwa abakwa-Eskom, kube kusetshenziswa ulwazi olukhona njengamanje kanye nokuhlola kongoti abajutshwa ngu-Eskom. Lo Mbiko Wobuchwepheshe Osenokuchibiyelwa uzodluliselwa kulabo Abathintekayo Nabanentshisekelo kanye noMnyango Wezamanzi Namahlathi ukuze kubekwe imibono eqavile.

Isigaba sesithathu sizogxila ekufakweni kwezicelo kwaboMnyango Wezamanzi Namahlathi nasekuhlangabezeni noma yimiphi imibono evela kwaboMnyango.

## **Ukusetshenziswa kwamanzi okudinga ilayisense**

Ngokulawula koMthetho Kazwelonke Wezamanzi, lokhu kusetshenziswa kwamanzi okuzokwenzeka ngenkathi kwenziwa lo msebenzi kudinga kwenziwe ngemvume yelayisense, ngokuhambelana nalezi zigaba zoMthetho ezibhalwe lapha:

Ü Isigaba 21 (i): Ukuguqulwa koMgudu Wamanzi, Usebe Nobunjalo Bendawo Okuhamba Kuyo Amanzi.

Ü Isigaba 21 (c): Ukuvimba noma Ukuguqula Ukugeleza Kwamanzi Emzileni Okuhamba Kuwo Amanzi.

## **Indlela Yokufaka Isicelo Selayisense Yokusebenzisa Amanzi**

### **Ukuhlolisisa Ohlangothini Lwezomthetho**

Sekwenziwe ukuhlola ngasohlangothini lwezomthetho maqondana nokusetshenziswa kwamanzi njengamanje. Lo mbiko usudluliselwe kwaboMnyango Wezamanzi Namahlathi.

### **Ukuqaliswa kwezingxoxo maqondana nesicelo**

Sezike zaba khona izingxoxo zokuqala phakathi kwalaba abafake isicelo kanye noMnyango Wezamanzi Namahlathi, ngenhloso yokuqinisekisa ukuthi uMnyango uyasivuma isicelo sokusetshenziswa kwamanzi.

### **Ukufakwa kwezicelo ngokusemthethweni**

Ngokuhambelana nalo mthetho, izicelo zokusetshenziswa kwamanzi zizofakwa kwaboMnyango Wezamanzi Namahlathi kanye noMbiko weSicelo Sokugcina Selayisense Yokusebenzisa Amanzi.

### **Ukubamba kwemiphakathi iqhaza**

Uhlelo lokuqinisekisa ukubamba kwemiphakathi iqhaza luhlose ukuthi labo ababandakanyekayo basebenze bonke ngokubambisana ukuze bathathe izinqumo ezingcono kunokuthi benze izinto ngabodwana.

Nazi izinto ezizosetshenziswa ohlelweni lokuqinisekisa ukubamba kwemiphakathi iqhaza maqondana nokusebenza kweLayisense:

Ü Ukufakwa kwezaziso emaphephandabeni esifunda nakazwelonke;

Ü Ukunika abanikazi bemihlaba eyakhelene nale ndawo iNcwadi Yokunikeza Ulwazi;

Ü Ukuthintwa kwabo bonke ababandakanyekayo ukuze baziswe ngenqubo yalolu hlelo;

Ü Ukudidiyela futhi kugcinwe izincwadi ezivela kwababandakanyekayo khona zizofakwa eMbikweni Wobuchwepheshe Osenokuchibiyelwa futhi ozobe uvulelekele ukuthi imiphakathi ibeke imibono yawo ngawo;

Ü Ukwazisa ababandakanyekayo ngenkathi seyikhishiwe iLayisense Yokusebenzisa Amanzi.

### **Umbiko Wobuchwepheshe Osenokuchibiyelwa**

UMBiko Wobuchwepheshe Osenokuchibiyelwa uzoqukatha lezi zinto ezilandelayo, phakathi kwezinye:

Ü Isingeniso

Ü Incazelo Ngalo Msebenzi

Ü Isimo Okuyiso Njengamanje Kwezemvelo

Ü Ukuhlolwa Kobungako Bobungozi

Ü Ukuhloliswa Kokusizakala Nokulahlekelwa

Ü Ukuphathwa Kwezemvelo Ngendlela Edidiyelayo

Ü Izindlela Zokuqaphelisa

Ü Ukuphathwa Komsebenzi

Ü Eminye Imithombo Yolwazi Nokuhlola Okwenziwe Abongoti

### **Ukubuyekizwa koMbiko Wobuchwepheshe Ubuyekizwa Ngababandakanyekayo**

Ngemuva kokuhlanganiswa kombiko osenokuchibiyelwa, lowo mbiko uzodluliselwa kwababandakanyekayo ukuze babeke imibono yabo, ngaphambi kokuba unikezwe aboMnyango Wezamanzi Namahlathi.

### **Ukudluliswa Kwezincwadi**

Konke okuyizincwadi ezibhaliwe maqondana nalo msebenzi kuzohanjiswa kwaboMnyango Wezamanzi Namahlathi ukuze kubasize ekuthatheni isinqumo maqondana nesicelo seLayisense.

### **Ukuthathwa Kwezingqomo**

Uma zonke izincwadi sezihanjiswe kwaboMnyango Wezamanzi Namahlathi, kuzothathwa isinqumo sokuthi isicelo sabakwa-Eskom seLayisense Yokusebenzisa Amanzi samukelwe yini noma singemukelwa. Leso siqumo sizodluliselwa kwababandakanyekayo. Ababandakanyekayo noma ofake isicelo angacela ukuba sibuyekizwe isinqumo ngokuthi alandele imigudu efanale.

## **UKUHLOLA OKUYISEKELO**

### **Kuyini ukuHlola Okuyisisekelo futhi kudingeke ngani?**

Umthetho uthi kufuneka kwenziwe ukuHlola Okuyisisekelo okuyingxenywe yokucubungula maqondana nokwakhiwa kabusha kwaleli bhuloho elingaphakeme. UkuHlola Okuyisisekelo kwalo msebenzi kuzokwenziwa ngaphansi kweSigaba 10 Sesaziso Sikahulumeni esingunombolo R 386 soMthetho Kazwelonke Wokuphathwa Kwezemvelo (oHlwini 1).

UkuHlola Okuyisisekelo kusetshenziselwa ukubhekisisa ukuthi miphumela mini engahle ibe khona kwezemvelo nezenhlalo yabantu ngenkathi kwakhiwa nangenkathi kwenziwa lo msebenzi ohlongozwayo.

UMBiko WokuHlola Oyisisekelo kufuneka unikeze abaphathi balo msebenzi ulwazi olwanele ukuze bathathe isinqumo. UMBiko WokuHlola Oyisisekelo, okuyisigaba sokugcina salokhu kuhlolisisa nokufaka izincomo, kufuneka wenze lokhu:

Ü Ubhekisise ukuthi ukwakha kungahle kube nayiphi imiphumela;

Ü Ugcine ulwazi ngezinto abakhathazeke ngazo abathintekayo nabanentshisekelo kanye nemibono abayibekayo; futhi

Ü Ubeke izinyathelo okudingeka zithathwe ekugwemeni nokunciphisa imiphumela engemihle futhi kuqiniseke naleyo miphumela emihle.

UkuHlola Okuyisisekelo kuhlukaniswe izingxenywe ezimbili ezizoqhubeka ezinhlangothini ezimbili ngesikhathi esisodwa, okuyingxenywe yezobuchwepheshe nengxenywe yokubamba kwemiphakathi iqhaza.

### **Ingxenywe Yezobuchwepheshe**

#### ***Isigamu Sokuqala***

Kulesi sigamu kwahloliswa indawo okuzosetshenzwa kuyo ngenhloso yokubhekisisa ukuthi miphumela mini futhi engakanani ezoba khona nokuthi yiziphi izinyathelo ezingayidambisa. Kukhona ithimba longoti bezemvelo elathunywa ukuba lihlale le ndawo, libheke nokuthi miphumela mini engahle ibe khona nokuphawula ngezinyathelo ezidingekayo ekudambiseni lokho. Emuva kwalokho lelo thimba labonana noMnyango Wezemvelo Nezokuvakasha ngenhloso yokuthola isiqinisekiso sokuthi izinyathelo ezithathwayo kwezobuchwepheshe nakwezokubamba kwemiphakathi iqhaza ziyahambelana nokudingeka kwenziwe.

#### ***Isigamu sokuHlola Esiyisisekelo***

Ngenkathi kuqalwa uhlelo lokubhekela ukubamba kwemiphakathi iqhaza, futhi bekuqalwa nokuhlola kochwepheshe. Ochwepheshe bona bahlola ukuthi miphumela mini ezoba khona ezinhlangothini zezihlala nokumilayo, izilwane, ukugcwala kwezimoto emgwaqweni, umsindo, ukuphilisana kwezilwane nemvelo yasemanzini neyasezweni, izindawo ezingamagugu nezindawo zomlando, ubuhle bendawo kanye nezenhlalo yabantu.



Imiphumela etholwe kulokhu kuhlola kanye nemibono yemiphakathi kuzofakwa eMbikweni Osenokuchibiyelwa wokuHlola Okuyisisekelo, okungumphumela walesi sigaba.

Uma kubonakala ukuthi kusadingeka kuphinde kucwaningiswe, ongoti kwezemvelo bayokucubungula lokho.

### **Ukubamba kwemiphakathi iqhaza**

Ngaphezu kokwenza ukuHlola Okuyisisekelo okuqondene nalo msebenzi ohlongozwayo, abakwaZitholele Consulting yibona futhi abazokwengamela ukubamba kwemiphakathi iqhaza, okuyinto edingekayo ekuHloleni Okuyisisekelo. Le ndlela yokwenza izinto izonika ababambe iqhaza ithuba lokuthi kuhlolwe lokho abathanda kuhlolwe futhi kubuyekwe nalokho okutholwe ngocwaningo. Lapha ngenzansana kubhalwe izinyathelo ezizolandelwa ekubambeni kwemiphakathi iqhaza.

Ngokubamba kwemiphakathi iqhaza, kuhloswe ukuthi babambisane bonke ababandakanyekayo ukuze bathathe izinqumo ezingcono kunokuba bezisebenzela ngabodwana.

Lokhu okulandelayo yikhona okuzosetshenziswa ekufezeni izinhloso osekukhulunywe ngazo ngasenhla:

- Ü Ukufakwa kwezaziso emaphephandabeni esifunda nakazwelonke;
- Ü Ukunikwa kwabanikazi bemihlaba eyakhelene nale ndawo iNcwadi Yokunikeza Ulwazi;
- Ü Ukuthintwa kwabo bonke ababandakanyekayo ukuze baziswe ngenqubo yalolu hlelo ;
- Ü Ukudidiyela nokugcina izincwadi ezivela kwababandakanyekayo ukuze zifakwe eMbikweni Wobuchwepheshe Osenokuchibiyelwa futhi ozotholakala ukuze imiphakathi ibeke imibono yawo ngawo;
- Ü Ukwazisa ababandakanyekayo ngenkathi seyikhishiwe iLayisense Yokusetshenziswa Kwamanzi

## **Kubaluleke kakhulu ukuthi ubhalise njengomuntu othintekayo nonentshisekelo futhi ufake nemibono yakho**

Inhloso yokuHlola Okuyisisekelo ngukunika abaphathi ulwazi olwanele ukuze bathathe isinqumo sokuthi bayayinikeza yini iMvume Yezemvelo noma cha maqondana nalo msebenzi ohlongozwayo, nokuthi uma beyinikeza, lokho bazokwenza ngaphansi kwayiphi imibandela. Igalelo labo bonke ababandakanyekayo abavela kuyo yonke imikhakha yemiphakathi lizosiza ekuthatheni isinqumo esihlahlambile. AbakwaZitholele Consulting bamema bonke ababandakanyekayo ukuthi babambe iqhaza ngokukhululeka futhi balethe noma yimiphi imibono noma ulwazi ababona ukuthi lungaba lusizo. Imibono yakho izoqinisekisa ukuthi zonke izinto ezifanele zizocutshungulwa ngenkathi kwenziwa ukuHlola Okuyisisekelo. Ngakho-ke uyacelwa ukuba ubhalise njengomuntu obandakanyekayo ngokubhala imininingwane yakho kuleli pheshana lempendulo elifakwe lapha bese ulithumela ngefeksi ehovisi lokubamba iqhaza komphakathi.

Noma-ke uyacelwa ukuthi ubhale incwadi, ushaye ucingo noma uthumele umbiko we-e-mail emahhovisi akwaZitholele Consulting. Bonke ababandakanyekayo futhi ababhalisile bazobuye banikwe olunye ulwazi maqondana nalo msebenzi ohlongozwayo kanye noMbiko wokuHlola Ouyisisekelo, ngenkathi usulungile.

*Isithombe 2: Ibalazwe elikhombisa indawo lapho kukhona ibhulohwe njengamanje lokuwela umfula iBraumhoekspruit.*

### **Ukumenyenzelwa Kwethuba Lokubeka Imibono**

Labo ababandakanyekayo bazokwazisa ngalo msebenzi ohlongozwayo kanye nokuHlola Okuyisisekelo futhi lokhu kuzokwenziwa ngokuthi abantu banikezwe Incwadi Yokunika Ulwazi, kwaziswe nasemaphephandabeni kufakwe nezaziso endaweni okuzosetshenzelwa kuyo.

Le Ncwadi Yokunikeza Ulwazi yazisa labo ababandakanyekayo maqondana nelinye ithuba elisavulekile lokubeka imibono nokusho izinto abakhathazeke ngazo. Lezo zinto ezivezwa yimiphakathi zizohlanganiswa bese zifakwa eMbikweni Wezinto Eziwudaba Okufuneka Lucaciswe Kanye Nezimpendulo.

### **Umbiko Osenokuchibiyelwa Wokuhlola Okuyisisekelo, Uhlelo Lokuphathwa Kwezemvelo Nesikhathi Sokulalelwa Kwemibono Yemiphakathi**

Umbiko Osenokuchibiyelwa Wokuhlola Okuyisisekelo kanye noMbiko Wezinto Eziwudaba Okufuneka Lucaciswe Nezimpendulo kuzofinyelela kulabo abathintekayo nabanentshisekelo ngoSeptemba 2008. Le mibiko izobe iqukethe incazelo ngalo msebenzi ohlongozwayo, imiphumela engahle ibe khona, kanye nohlu lwazo zonke izinto ezibekwe ngabathintekayo nabanentshisekelo. Isikhathi sokubeka imibono ngale mibiko esenokuchibiyelwa kuzoba ngamasonto amane. Kuzobizwa nomhlangano wababandakanyekayo ukuze kubuyekwe umbiko osenokuchibiyelwa. Olunye ulwazi maqondana nalowo mhlangotho luzobuye lunikezwe labo ababandakanyekayo ngesikhathi esifanele.

### **UMbiko Wokugcina Wokuhlola Okuyisisekelo Nohlelo Lokuphathwa Kwezemvelo**

UMbiko Wokugcina Wokuhlola Okuyisisekelo uzobhalwa futhi uzoqokatha nemibono nezinto ezishiwo ngale nkathi yokubeka imibono. Emuva kwalokho lo mbiko wokugcina uzodluliselwa eMnyangweni Wezemvelo Nezokuvakasha ukuze ugunyazwe.

### **Ukwaziswa kokugcina okuvela kubaphathi**

Uma abaphathi sebewukhiphile uMbiko Ogunyazayo maqondana Nezemvelo Wokuhlola Okuyisisekelo, ababandakanyekayo bazokwaziswa ngaleso sinqumo nokuthi yimiphi imigudu okufuneka bayilandele uma befisa kuphinde kubuyekwe Ukugunyazwa Kwezemvelo.



